bookdash.org

Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative volunteers to create new African storybooks that anyone can freely print, translate and distribute. Then we work with partners to give those books to preschool children to own.

To find out more, and to download beautiful, open-licensed, print-ready books, visit bookdash.org.

*Izimbali zikaGogo ezikhangayo*
*(Ouma's amazing flowers)*
Illustrated by Amber Tak
Written by Laurie Janey
Designed by Roulé le Roux
Translated by ZabeNguni Media (Pty) Ltd
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 14 October 2023.

ISBN: 978-0-948602-12-2

Typeset in Mochiy Pop One and Quicksand

**This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/).**

You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use. No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.





# Izimbali zikaGogo ezikhangayo

Laurie Janey · Amber Tak · Roulé le Roux

UGogo unebhokisi elingasefasiteleni eligcwele izimbali ezikhangayo. URobyn ufisa sengathi angavele azikhe zonke!





Ungazikhi izimbali, Robyn! UGogo uyathanda ukuthi lapho evula amakhethini akhe akhangwe yizo.

Izimvemvane zidansa zizungeza amacembe ezimbali. Kuhle kakhulu ukuba nalezi zivakashi.





Izinyosi zisebenzisa
izimbali ukwenza uju
olumnandi.

Izimbali ziletha
intokozo kuwo wonke
umuntu odlula ekhaya
likaGogo.





Umakhelwane
uyathanda ukunuka
kwazo uma evakashile,
ezophuza itiye.

Kwesinye isikhathi,
izinyoni zelanga
ziphuza umpe
olusaswidi ezimbalini.





Buka, ibhungane
elincane! Liyabenyezela
elangeni. Kunecimbi
elikhuluphele kangaka!

“Ngicela ungazikhi izimbali zikaGogo, Robyn! Ngeke zihlale zizintsha isikhathi eside.”





"Ngeke ngizikhe, Gogo," kusho uRobyn, nakuba elangazelele ngempela ukuzikha.

Uzizwa elusizana!

UGogo akafuni uRobyn abe lusizana kanje.

“Kulungile, Robyn,” kusho uGogo. “Ungayikha imbali yakho oyithandayo.”





“Nakhu ngifikelwa umbono …
Asitshale ezinye futhi
izimbali sobabili!”

